# OKUQUKETHWE NGUMENGAMELI KANYE NOMKHUZI:

## OKUQUKETHWE

Ngonyaka ka-2024, i-Ningizimu Afrika izobe ibungaza iminyaka engamashumi amathathu emva kobandlululo, kepha iningi lebala elimnyama lisalokhu lingenawo umhlaba kanye nemisebenzi. I-Economic Freedom Fighters (EFF), ngomkhankaso wayo wokhetho luka-2024 izogxila KWEZOMHLABA, IMISEBENZI KANYE NOGESI, ngaphansi kwesiqubulo: "UMHLABA WETHU KANYE NEMISEBENZI NJENGAMANJE! AKUMISWE UKUNQAMUKA KUKAGESI IZIKHAWU!"

Ukulwela kwethu UMHLABA kusuka kwizimo ezimbi esezivamile zokungabi namhlaba kwiningi labantu abamnyama. Ukugxila ezimweni ZOMSEBENZI kukhuluma ngezinkinga zabantu base Ningizimu Afrika abangasebenzi abalinganiselwa kwisibalo esedlulile kwizigidi eziyishumi nanhlanu. Isimo esiphuthumayo SAMANJE siveza isidingo sokukhululwa komnotho, singabanjezelwa izethembiso ezingafezwanga zangaphambili.

Ukwehluleka kukahulumeni ekubekeni inqubomgomo kagesi, kuholela ekunqanyulweni kukagesi izikhawu, okugcizelela ekutheni kube nesidingo sokuba kuthathwe izinyathelo eziqinile ekwabiweni kukagesi. Ngaphezulu kwalokho, ukulawulwa komnotho yidlanzana labamhlophe, ifa labacindezeli, libhebhethekisa ukucwaseka kokungalingani ngokomnotho.

I-EFF, ekuzibandakanyeni kwayo kwezepolitiki iminyaka eyishumi, izibeka njengabathuthukisi boshintsho lwangempela lwezomnotho, ukumela inqubomgomo eqikelela ukukhula kanye nokuthuthukiswa kweningi labamnyama. Umkhankaso wethu wokhetho luka-2024 olwaziswe ngokubonisana nomphakathi, izimiso zethu zokusungula, kanye nesipiliyoni sasephalamende, kuwuhlelo lokusebenza oluvelele lokuphatha.

Okuyamene nenhloso yethu, izinsika eziyisikhombisa ezihlanganisa ukuzibophezela kwethu ekuguquleni okunqala kwezenhlalo-mnotho:

Izinsika eziyisikhombisa yilezi:

a. Ukudliwa komhlaba waseNingizimu Afrika ngaphandke kwesinxephezelo sokwabiwa kabusha ngokulinganayo.
b. Ukwenziwa kwezimayini, amabhange kanye neminye imikhakha yezomnotho kwizwelonke, ngaphandle kwesinxephezelo.
c. Ukwakha futhi kukhuliswe izwe kanye nokuqinisa imithetho kahulumeni, okuzoholela ekuqedweni kwamathenda
d. Imfundo yamahala esezingeni, ukunakekelwa ngezempilo, izindlu kanye nokuthuthwa kwendle.

e. Intuthuko enkulu yezimboni evikelwe ukudala izigidi zemisebenzi esimeme, okubalwa ukwethulwa kwamaholo amancane ukuze kuvalwe igebe lamaholo phakathi kwabahlwempu kanye nabadla izambane likapondo, ukuvalwa kwegebe lwamaholo obandlululo bese kugqugquzelwe ukukhula kwemikhakha kubantu base Afrika ezindaweni zokusebenza.
f. Ukuthuthukiswa okukhulu komnotho wase Afrika kanye nokumela ukusuka ekubuyisaneni kuye kubulungiswa kwizwekazi lonkana.
g. Uhulumeni ovulelekile, ozibophezele, ongenayo inkohlakalo kanye nomphakathi ongenakho ukwesaba ukuhlukunyezwa izikhungo zombuso

Lezi zinsika ziyamene nokubaluleka kombono wethu wokuqeda indlala, ukungalingani, kanye nokungathuthuki ngokubuyisa umhlaba kanye nokwakha imisebenzi. Sigcizelela imisebenzi esezingeni kanye nokuvikeleka kwamalungelo abasebenzi, ukuvuma igebe elikhulu lomcebo njengenxenye enkulu yokungalingani.

Umkhankaso wethu, uyibekile emqondweni inguquko yesine yezimboni kanye nezimo zomhlaba, uphakamisa izinqubomgomo ezintsha ezifana nokwabiwa komhlaba, izindawo zezomnotho ezikhethekile, ukukhushulwa kwesibonelelo sikahulumeni, ukuthengwa kwendawo, ukwakhiwa kabusha kukahulumeni, kanye noguquko lwezobulungiswa. Sizibophezele ukuvuselela uhlelo lwamaphoyisa ukuze sibeke phambili amalungelo abantu kanye nokuphepha komphakathi.

Ma-Afrika Amahle, makhomanisi, ma-fighters, kanye nawo wonke amabutho aphansi, i-EFF inethulela ukuzibophezela kwethu, uhlelo lokusebenza, kanye nohlelo olucacile lokuba sizokwenzani uma siqokwa ukuba sihole abantu. Lezi akuzona izethembiso mbumbulu, izibophezelo ezizoba ngaphansi kobuholi obufanele be-Economic Freedom Fighters. Isiqubulo sethu sicacile: UMHLABA WETHU KANYE NEMISEBENZI NJENGAMANJE! AKUMISWE UKUNQANYULWA KUKAGESI ZIZKHAWU!

Imikhonzo Yenguquko

# ISINGENISO

## A. I-ECONOMIC FREEDOM FIGHTERS IQHAMUKAPHI FUTHI YINI ESESIYIZUZILE?

I-Economic Freedom Fighters (EFF) yinhlangano yezinguquko kwezomnotho zenhlalakahle, yasungulwa ngonyaka wezi-2013, eNingizimu Afrika ukulwelwa inkululeko yomnotho esikhathini esiphila kuso. I-EFF inhlangano ebhalisiwe yezepolitiki enamalunga angu-1,177 amele umphakathi esigungwini sikaZwelonke, Umkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe, Isishayamthetho sesifundazwe kanye noMkhandlu woMasipala. Kusukela ekusungulweni kwayo, i-EFF phakathi kweningi, isibhalise ukunqoba okulandeyo:

1) Emizamweni yayo eyahlukene, I EFF yaholela ekutheni izwe lidingide ukuchitshiyelwa komthethosisekelo ukufeza ukudliwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo sokwabiwa kabusha ngokulingana.
2) I-EFF yasebenzisa ukubamba kwayo iqhaza ephalamende ukuze iqinisekise ukuba isigungu sikaZwelonke samukele isinqumo sokuba uhulumeni avale ihhovisi lenxusa lakwa-Israel eNingizimu Afrika
3) I-EFF yaphumelela ekubambeni iqhaza ukuba kuvalwe izwe mhla zingama -20 ku-March ngonyaka wezi-2023 bephoqa ukuba kube nozinzo ekunikezelweni kukagesi kanye nokuba u-Cyril Ramaphosa asule esikhundleni.
4) I-EFF kuMasipala weTheku i-Metropolitan Municipality yalwa ukuba kubuyiselwe imiklamo yengqalasizinda yesibonelelo sika -R1.2 billion esinemibandela esasivela kuMgcinimafa Kazwelonke.

I-EFF isibe nokunqoba okuningi ngokuhlanganyela nangokukodwa kuzo zonke izifundazwe nakomasipala abaningi, abanye babo abangeke babandakanywa la, ngenxa yesikhala. Lokho kulethe ithemba kubantu base Ningizimu Afrika kwaphinde kwavuselela ithemba labo kwezepolitiki.

## B. IKHAMBI: I NINGIZIMU AFRIKA IKUSIPHI ISIMO NAMHLANJE?

1) Iningi labantu abamnyama base Ningizimu Afrika alinawo umhlaba, kanti nohulumeni wangemuva kobandlululo usuthenge umhlaba ongaphansi kuka-7% wenani elibekelwe ku-30% lomhlaba okufanele ubuyiselwe esikhathini esingangeminyaka engamashumi amathathu.

2) Kusondele ku-40% wesibalo sabantu base Ningizimu Afrika abangasebenzi abadinga imisebenzi, okusho ukuthi bangaphezu kuka-9 million abantu base Ningizimu Afrika abadinga imisebenzi futhi abangakwazi ukusebenza kodwa abayitholi imisebenzi. Uhulumeni obusayo uhlulekile ukuza neqhinga lokuvula amathuba emisebenzi kanti kusuka ngonyaka ka-1994 amazinga okungasebenzi awakaze abe ngaphansi kuka -20%

## C. UKUZIBOPHEZELA KWE EFF KANYE NOHLELO LOKUSEBENZA

### UMHLABA

1. Indlela kahulumeni we-EFF ekuxazululeni udaba lomhlaba izoqhubeka nokuqiniswa phezu komgomo wokudliwa komhlaba ngaphandle kwesinxephezelo sokwabiwa kabusha

nokusetshenziswa ngokulinganayo, futhi umbuso ube ngumnakekeli wawo wonke umhlaba waseNingizimu Afrika.

## IMISEBENZI.

1. Uhulumeni we-EFF uzoshaya umthetho oqinisekisa amaholo aqala ku-R5,500 kuwo wonke umuntu kubasebenzi abaqashwe ngokuphelele futhi uzolwela ukuba lezi zimboni ezilandelayo zithola iholo elibekiwe:

    a) Abasebenzi basezimayini: R15,872.52 ngenyanga.
    b) Abasebenzi basemapulazini: R6,349.01 ngenyanga.

## UKUSATSHALALISWA KWAMANDLA KANYE NOGESI (AKUMISWE UKUNQANYULWA KUKAGESI IZIKHAWU!)

1. Uhulumeni we-EFF uzokwandisa amandla okukhiqiza kwa-Eskom okusabalalisa ugesi okuhambisanayo, okuthembekile, nokungabizi kubo bonke abasebenzisi eNingizimu Afrika.

## UKUTHUTHUKISWA KWEMFUNDO KANYE NOCWANINGO

1. Uhulumeni we-EFF uzokwethula imfundo yamahhala, engacindezeli kubo bonke, ukufaka izihloko eziphathelene nolwazi lwendabuko, ubukhosi, kanye nenkululeko yezomnotho ezinhlelweni zezifundo.

## UKUPHEPHA KOMPHAKATHI

1. Uhulumeni we-EFF uzoqaphela indima ebalulekile yamaphoyisa ekugcineni umthetho nokuthula, ukuqinisekisa ukuphepha kwezakhamuzi, nokugcina amalungelo abantu, futhi azibophezele ekuguqulweni okubanzi kohlelo lokugcinwa komthetho lwaseNingizimu Afrika.

## UMBUTHO WEZOKUVIKELA WEZWE

1. Uhulumeni we-EFF uyokuma aqine ekuzibophezeleni kwakhe ekuqhubekiseleni phambili izintshisekelo nobukhosi babantu baseNingizimu Afrika ngenkathi esebenzela kancane kancane uhlelo lwezokuphepha olufanayo lwezwekazi lonke lase-Afrika.

## EZEMPILO

1. Uhulumeni we-EFF uzovuselela uhlelo lwezempilo ngokuqiniswa kwe-Primary Health Care: ukwesekwa jikelele, ukunakekelwa okugxile kubantu, ngokugcizelela impilo yomphakathi kanye nemigomo esekelwe ebufakazini.

## UKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI

1. Uhulumeni we-EFF uzokwandisa kakhulu izibonelelo zomphakathi ezikhokhwa ezigabeni ezahlukene zabantu kanje:
   (a) Isibonelelo sabantu asebekhulile ukuba sizokhuphuka sisuka ku-R2 090 siye ku-R4 180 ngenyanga.
   (b) Isibonelelo somakade bebona bempi ukuba sizokhuphuka sisuka ku-R2 110 Siye ku-R4 220 ngenyanga.
   (c) Isibonelelo sabantu abaphila nokukhubazeka ukuba sizokhuphuka sisuka ku- R2 090 Siye ku-R4 180 ngenyanga.

## UBULILI NABESIFAZANE

1. Uhulumeni we-EFF uzoqinisekisa ukuthi kwenziwa ukungenelela okuyisihluthulelo okulandelayo:
   a. Ukumelwa kwabesifazane abangu-50% kuyo yonke imikhakha emele inzuzo yezomnotho, iqhaza lezombusazwe, abaphathi, kanye nomthwalo wobuholi;
   b. Imfundo ephoqelekile yobulili kanye nokuqeqeshwa kwabo bonke (isib., Esikoleni, emsebenzini, ngaphakathi emndenini, esontweni, emthethweni, esigungwini, nasemphakathini);

## I-LGBTQIA+ kanye noMphakathi

1. Uhulumeni we-EFF uzoqwashisa ngezidingo ezithile zabantu be-LGBTQIA+ kanye nokuthuthukisa izinhlelo mayelana nobulili nokuhlukahluka kwezocansi.

## ISAYENSI KANYE NOBUCHWEPHESHE

1. Uhulumeni we-EFF uzosebenzisa isayensi, ubuchwepheshe, kanye nemibono emisha hhayi njengeziphetho ngokwazo kodwa ukukhiqiza ulwazi, amakhono, kanye nethalente elidingekayo ukusekela, ukwenza lula, kanye nokugqugquzela ukuthuthukiswa nokukhula kwezimboni zamasu kanye nemikhakha yomnotho nomphakathi, okuyinto esemqoka ekuzimeleni jikelele kanye nobukhosi babantu baseNingizimu Afrika nabase-Afrika.

## IZIMAYINI

1. Uhulumeni we-EFF uzobuyisela ubunikazi bomcebo wamaminerali n ezandleni zabo bonke abantu baseNingizimu Afrika. Ngokwenza ubuzwe bezimayini ngoyaka ka-2028, okuyamene nezibophezelo ezenziwa ngabantu baseNingizimu Afrika kwi-Manifesto yokusungula.

## INGQALASIZINDA KAZWELONKE

1. Uhulumeni we-EFF uzokwamukela uhlaka lwezimali lwesikhathi eside lokuthuthukiswa kwengqalasizinda futhi uzohlola amamodeli ahlukene okwakha, ukusebenza, nokudlulisa njengendlela yokulethwa kwengqalasizinda, ukusebenzisana nomphakathi kanye

nomkhakha ozimele. Ukwakha ingqalasizinda ngokubambisana komphakathi nezinkampani ezizimele kanye nokusetshenziswa kwezibopho zomphakathi.

## UKUHLALISWA KWABANTU

1. Uhulumeni we-EFF uzohlinzeka ngezindlu ezisezingeni, ezibanzi, ezinamakamelo okulala amathathu kubo bonke abantu. Lezi zindlu zizotholakala ngaphakathi kwezindawo zokuhlala abantu eziqhubekayo ngezinsizakalo eziyisisekelo ezifana namanzi, ugesi, izindlu zangasese, izikole, izinkimbinkimbi zokuthenga, izindawo zezemidlalo nokuzilibazisa, kanye namapaki.

## AMANZI NOKUTHUTHWA KWENDLE

1. Uhulumeni we-EFF uzohlinzeka amanzi athembekile, futhi aphephile ukuba aphuzwe iyo yonke imiphakathi ngo-2025

## EZEMIDLALO, EZOBUCIKO NAMASIKO

1. Uhulumeni we-EFF uzokhuthaza i-ajenda yezinguquko kuyo yonke imikhakha yezobuciko, amakhodi ezemidlalo, kanye nezindawo zomnotho ezihlala kakhulu abamhlophe noma ezingaguquki ngaphakathi kwe-value chain yomkhakha wokudala namasiko.

## ULWAZI NOBUCHWEPHESHE BEZOKUXHUMANA

1. Uhulumeni we-EFF uzokwakha imibhoshongo yezokuxhumana kuzo zonke izifunda eNingizimu Afrika futhi aqede ngokuphelele ukungabikho kwenethiwekhi kuyo yonke imiphakathi, kungaba emadolobheni noma emaphandleni.

## IMBONI YEZEMALI

1. Uhulumeni we-EFF uzoshintsha i-Reserve bank ngokwezwe aphinde anqamule ubunikazi balo bokuzimela ukuze lihambisane namabhange amakhulu kahulumeni angaphezu kuka-80% emhlabeni wonke.

## EZOLIMO, EZAMAHLATHI KANYE NENTUTHUKO

1. Uhulumeni we-EFF uzobiza ngokuqinile ukudla okungu-100% kuphela okukhiqizwa endaweni.

## UKUTHUTHUKISWA KWENTSHA

1. Ukuphakanyiswa kwezomnotho, kwezenhlalo, kanye nezombusazwe kwentsha kuthola ukuzwakala kuzo zonke izici ze-Economic Freedom Fighters (EFF) People's Manifesto. Lokhu kungenxa yokuthi ngaphansi kukahulumeni we-EFF, yonke imikhakha, izimboni, imisebenzi kahulumeni, kanye nokusebenza kuzozuzisa ngokungavumelani intsha yaseNingizimu Afrika.

1. Uhulumeni we-EFF uzokwethula izinyathelo zokuqinisa amandla nokuzimela kwezinkantolo nesishayamthetho. Ngokomongo wokubuyekezwa komthethosisekelo, iphalamende akumele lincike kuMongameli ukuze liqalise futhi liphasise imithetho.

## UBULUNGISWA KANYE NESIKHUNGO SOKUHLUNYELELISWA KWEZIMILO

1. Uhulumeni we-EFF uzokwandisa kakhulu amandla ezikhungo zeSahluko 9 ezinikeza usizo kubantu, ikakhulukazi ihhovisi lomvikeli womphakathi waseNingizimu Afrika, iKhomishini yamalungelo esintu, kanye neKhomishini yobulili.

## AMANDLA OMBUSO

1. Uhulumeni we-EFF uzogcina ubunikazi bazo zonke izinkampani nezinhlangano zikahulumeni ngaphansi kokulawula kombuso. Futhi aqinisekise ukuthi zonke ziqhutshwa kahle futhi zilawulwa ngendlela.

## UHLAKA LWEZIMALI KANYE NEZEZIMALI

1. Uhulumeni we-EFF uzoqoqa kakhulu intela ngenhloso yokuthola ukwenyuswa ngo-100% kokuqoqwa kwentela yonyaka njengamanje.

## ISISHAYAMTHETHO NOKUBUSA

1. Uhulumeni we-EFF uzofudusela iphalamende edolobheni lase-Tshwane, ahlanganise izihlalo zokuphatha nezomthetho zikahulumeni zibe yindawo eyodwa. Lo mnyakazo kuhloswe ngawo ukwehlisa izindleko zokuhamba kongqongqoshe nezikhulu zikahulumeni, ukunciphisa izindleko zezindlu nokudla, nokonga isikhathi esiyigugu, ngaleyo ndlela kuvumele ukulethwa kwezinsizakalo ezisebenza kahle futhi ezigxile ekulethweni kwezinsiza.

## UMNOTHO WEZOKUVAKASHA

1. Uhulumeni we-EFF uzoguqula isizwe ngamandla angasetshenzisiwe ezokuvakasha.

## EZINYE ZEZIBOPHO EZENZIWA NGABAMELE I-EFF

Kulezi zibopho kanye nokuqukethwe, okulawulwa yi-Manifesto yokusungulwa kwe-EFF kanye nendlela yokuziphatha kuyo yonke imihlangano yethu ye-EFF, kanye nabamele umphakathi, kanye ne-Manifesto yokhetho luka-2024, abamele i-EFF emphakathini bayolandela lezi zimiso ezilandelayo, phakathi kwezinye:

1. Bonke abamele i-EFF emphakathini bazovela egatsheni le-EFF elihloniphekileyo, futhi bazokwamukela amawadi amabili engeziwe, abazowabheka futhi baqinisekise ukuthi izinsiza zihanjiswa kuwo.
2. Amalunga amele i-EFF emphakathini azohamba imihlangano kanye nokuhlala kwephalamende okubalwa nesishayamthetho sesifundazwe ngaso sonke isikhathi.

QAPHELA: Lo mbhalo wethula inguqulo efushanisiwe ye-manifesto yethu. Ukuze uthole i-manifesto ephelele eneminingwane eyengeziwe, sicela uyilande ku-www.effonline.org noma uskene Ikhodi ye-QR enikeziwe.